# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Kantate, ngomhla ka 06. 05. 2012
25/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 113/95

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga ngoba uvusile uJesu Kristu kwabafileyo, siyabonga ngoba singabantwana bakho ngombhapathizo ongcwele. Baba, awusithembisanga ukususa izinkhathazo zonke ekuphileni kwethu kodwa usithembisile ukuba nathi ngaso sonke isikhathi nasezindaweni zonke. Siphe uMoya wakho oNgcwele ukuba aqinise ukukholwa kwethu nguwe, ithemba lethu liqiniseke, sazi ukuthi sisesandleni sakho, akukho okungasihlwitha khona kuze kube phakade. Sicela ngoJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseKolose 3:12-17;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 11:25-30.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 122/105

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe
kuzo izEnzo zabaphostoli 16:23-34, lithi: “Sezibashayile imivimbo eminingi, zabaphonsa etilongweni, zayala umgciniziboshwa ukuba abagcine impela; yena eyaliwe kanjalo wabaphonsa etilongweni elingaphakathi, wabopha izinyawo zabo ogongolweni. Kepha phakathi kobusuku oPawulu noSila bekhuleka bamdumisa uNkulunkulu ngamahubo, iziboshwa zabezwa; kwavela ngokuzuma ukuzamazama komhlaba okukhulu, kwaze kwazanyazanyiswa izisekelo zetilongo; kwavuleka khona-lapho iminyango yonke, kwathukuluka nezibopho zabo bonke. Kwathi umgciniziboshwa ephaphama, wabona iminyango yetilongo ivulekile; wayesehosha inkemba efuna ukuzibulala, ngokuba wathi iziboshwa ziphunyukile. Kepha uPawulu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Ungazilimazi, ngokuba sikhona sonke. Wayesebiza izibani, wagijimela phakathi ethuthumela, wawa phansi phambi kukaPawulu noSila, wabakhiphela ngaphandle, wathi: Makhosi, ngimelwe ukwenzani ukuba ngisindiswe na? Bona bathi: Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho. Base bemshumayeza izwi likaNkulunkulu, yena nabo bonke ababesendlini yakhe. Wabathatha ngaso lesosikhathi sasebusuku, wabageza imivimbo, wabhapathizwa khona-lapho, yena nabo bonke abakhe, wabenyusela endlini, wababekela ukudla, wathokoza kanye nendlu yakhe yonke ngokukholwa nguNkulunkulu.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, "Mhubelani uJehova igama elisha, ngokuba wenze izimangaliso!" ngalendima yaleliviki sikhuthazwe nanamuhla ukumhlabelela, ukumculela, ukumhubela uNkulunkulu wethu amaculo, amahubo, amagama amnandi, amasha, angcwele. Yebo, kumnandi ukumhubela uJehova amaculo. UNkulunkulu uyasenzela izimangaliso eziningi ekuphileni kwethu, kakhulu wasinqobela amandla onke amabi ukuba sibe abakhe, sihlale kahle embusweni wakhe kuze kube phakade. Ngempela wasinqobela uSathane, nesono, nokufa ukuba sibe abakhe. Ngalesisikhathi sokukhumbula ukuvuka kukaJesu Kristu ekufeni ake singakhathali ukumbonga, ukumdumisa, ukumhubela amahubo amahle namagama amasha.

Ngesikhathi sokuphenduka kukaPawulu, lendaba ilotshiwe kuzo iZenzo esahlukweni sesishiyangalolunye, ngesikhathi sokuphenduka kukaPawulu, uJesu Kristu wayesethi ku-Ananiya ngaye uPawulu ngokuthi: "Hamba, ngokuba lo uyisitsha sami esikhethiweyo sokuphatha igama lami phambi kwabezizwe, namakhosi, nabantwana bakwa-Israyeli, ngokuba mina ngizakumbonisa konke amelwe ukuhlushwa ngakho ngenxa yegama lami." Kusho ukuthi uJesu Kristu wayengamthembisi indlela noma umsebenzi noma ukuphila okulula, kodwa wamxwayisa ngokumbonisa konke amelwe ukuhlushwa ngakho ngenxa yegama elingcwele lakhe. UJesu Kristu wabazisa bonke abafundi bakhe ngelendlela. Ukumsebenzela, ukushumayela igama lakhe elingcwele, ukumfakazela uJesu Kristu akusiwu umsebenzi olula.

Ngokwempela kwakunzima kakhulu mhla babeboshwa, babephonswa etilongweni. OPawulu noSila babeshaywa ngenduku, babephonswa etilongweni, babeboshwa kakhulu, izinyawo zabo zafakwa, zakhiwa engongolweni. Ngiyathemba ukuthi lendawo, lelotilongo kwaba indawo embi ngempela neziboshwa zazisenkingeni ngempela uma zangena kuyo. Ukushaywa, ukuboshwa, ukuphonswa etilongweni ngenxa yegama likaJesu Kristu.

Bathandekayo eNkosini konke kwabamnyama bhuqhe kulendawo, lapho kulelotilongo phakathi kobusuku. Endaweni enje, lapha kukhona khona ubuhlungu nobumnyama, etilongweni, abantu baboshiwe ezinyaweni engongolweni silindelani endaweni enje, mhlawumbe ukukhala, ukukhonona, ukusola, ukulahla ithemba, kodwa sikuzwa okunye, sibezwa ngabantu ababephethe umkhuleko, bakhuleka, bamdumisa uNkulunkulu ngamahubo. "Ekuhluphekeni kwami ngakhala kuJehova, wangiphendula." (Ihubo 120,1) "Ngikhala kuwe Jehova ngisotweni phansi. Nkosi, yizwa izwi lami; izindlebe zakho mazilalele izwi lokugcenga kwami." (130,1-2) "UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu; ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni. Ngakho-ke asiyikwesaba nokuba kuguquka umhlaba, nezintaba zidilikela ekujuleni kolwandle ..." (46,1-2) "Izinyembezi zami zingukudla kwami imini nobusuku, ngokuba usuku lonke bathi kimi: Uphi uNkulunkulu wakho na? Ngiyakukhumbula lokhu, ngithulule umphefumulo wami phakathi kwami, njengalokho ngangihamba esixukwini ngiya naso endlini kaNkulunkulu nganhlokomo yokwethaba nokubonga, ibandla ligubha umkhosi. Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami. Nkulunkulu wami, umphefumulo wami udangele phakathi kwami, ngakho-ke ngikhumbula wena." (42,3-6a) Endaweni yokukhala sikuzwa ngomkhuleko, esikhundleni sokukhonona sikuzwa ngamahubo. OPawulu noSila babephatha umkhuleko etilongweni endaweni emnyama phakathi kobusuku, babecula amahubo, bamdumisa uNkulunkulu ngawo. Bathandekayo eNkosini sinegugu elikhulu kakhulu ngencwadi yamahubo. Amahubo amaningi ngempela aqoqekile encwadini engcwele. Lamahubo lawa ayesula izinyembezi zamakholwa ngesikhathi sasendulo, ngesikhathi esidlulile, nangesikhathi samanje. Lamahubo amadala ajulile ngempela, agcwele ukuphila kwabantwana bakaNkulunkulu. Namuhla ngosuku lokucula, lokuhuba ake sikhumbule, sizikhumbuze ngalamahubo eNkosini, siwafunde, siwasebenzise, sikhuleke ngawo njengoPawulu benoSila khona lapha emgodini yokufa, etilongweni.
UNkulunkulu uyizwa imikhuleko yabantu bakhe. Wabakhulula iziboshwa, wanyakazisa izisekelo zetilongo, wavula iminyango yonke, wathukulula nezibopho zabo bonke. UNkulunkulu wabakhulula abakhe etilongweni, kodwa ababalekanga njengabantu abanecala, abagijimanga. Umgcinizibishwa wafuna ukuzibulala, ngenxa yokubaleka kweziboshwa, kodwa uPawulu wamvimba, wathi: "Ungazilimazi, ngokuba sikhona sonke." Ngalokhukwenza kweziboshwa wabona okunye, wabona ukuthi lababantu abafani ngeziboshwa owazitshwayele, kodwa babe abantu abakhululekile noma beboshiwe etilongweni. "Makhosi, ngimelwe ukwenzani ukuba ngisindiswe na?" Umkhuleko, amahubo, ukungabaleki kwabo kwakumnqoba ukuthi naye wafuna ukuba njengabo. Naye wafuna lenkululeko, naye wafuna lensindiso, naye wafuna ukukhonza uNkulunkulu okwazi ukusindisa abakhe endaweni emnyama, etilongweni elibi.
Bathandekayo ngomkhuleko wabo nangokuhuba kwabo uMoya oNgcwele wasebenza kulomuntu owaba umgciniziboshwa. Wabathatha, wabakhonza, wabalalela bemshumayeza ivangeli likaJesu Kristu, wabhapathizwa, yena nabo bonke abakhe. Lihle ngempela lelizwi lanamuhla. Liyasikhuthaza nathi ukuba sicule nasezindaweni ezimbi, asazi thina ukuthi mhlawumbe uNkulunkulu uzophendukisa umuntu osicindezelile phansi, aphenduke naye, asindiswe naye nabo bonke abakhe. Ngempela izwi likaJesu Kristu lagcwaliseka: UPawulu wahlushwa kabi ngenxa yegama likaKristu, kodwa wakwazi futhi ukumsebenzela kakhulu nasekuhluphekeni kwakhe ngokushumayela abantu ivangeli, indaba enhle ethokozisayo ngoJesu Kristu. Nakhona etilongweni waphenduka umuntu, waba ikholwa, yena nabo bonke abakhe.
Masingaphezi ukubonga uNkulunkulu nangezikhathi esinzima, simkhonze ngokukhuleka nangokudumisa ngamahubo amahle, angcwele. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siphe uMoya wakho oNgcwele ukuba asifundise ngokucula kahle, sifunde ukukudumisa ngendlela engcwele, enhle. Lokhu sicela ngoJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 120/103

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-P. C. Weber.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.